# UkuMKhuphula Aphume EMlandweni

Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Sanibona kusihlwa, bangani. Ngempela yi. . . Ngibheka lokhu njengenhlahla enkulu, ukuba lapha etabernakele, kulobubusuku, ukuqala futhi uchungechunge lwezinsuku ezinhlanu zemihlangano. Sekube yisikhathi esithize kusukela ngaba nemvuselelo lapha etabernakele. Asikaze siyimemezele emaphepheni, noma ngabe yini, ukuze sazi nje ukuthi besingebe negumbi elanele ukuhlalisa abantu, ngoba lincane, futhi indawo yethu yokuhlala ayiyinhle kakhulu. Kodwa sizokwenza nje konke esingakwenza ukuba sikwazi ukuhlalisa. Besizothola ijimi yasesikoleni esiphakeme lapha, futhi besingakukhangisa, kodwa lapho sekuyisikhathi sesikole manje, futhi kunzima ukusithola.

2 Futhi ngizohamba maduzane kakhulu, ngiyacabanga, ngenxa yobuthunywa bami bezenkolo nokunye nokunye, ngapheseya kwezilwandle. Futhi bengifuna nje ukuhlangana ukuze ngibe nenhlanganyelo encane nabo bonke abahlobo ngaphambi kokuba siwele futhi.

3 Niyazi, sihlangana, izikhathi ngezikhathi, futhi ngesinye isikhathi sizohlangana okokugcina. Ngakho si—sifuna ukuhlala ngokusondele kakhulu esingakwazi neNkosi neZwi laYo, futhi njengoba sibona iZwi laYo lizembula Lona uqobo, usuku nosuku, usuku nosuku. Ngicabange ukuthi kuyoba kuhle ukuba besizoba nomhlangano o—omncane lapha, bese-ke sizokhulekela abagulayo.

4 Futhi ngitsheliwe, esikhathini esithize esedlule, ngombono iNkosi eyanginika wona, ngomunye unyaka odlule, ngiyacabanga, noma mhlawumbe ngaphezudlwana. Nganginakho kubhalwe phansi encwadini ekhaya, ngokuguquka kwenkonzo. Futhi abaningi benu bantu ohlezi lapha. . . Bengingeke ngasho abaningi. Kodwa khumbulani ngenkathi siqala ukwakha lelitabernakele, niyawukhumbula umbono owafika ekuseni sibeke itshe legumbi lapho, lapho Athi, "Leli akusilo itabernakele lakho." Kodwa Ungihlalisa ngaphansi kwezibhakabhaka wayesesho, wangitshela izinto ezehlukene eziyokwenzeka. Uma nazi, qaphelani lokho kufezeka ncamashi nje njengoba kwatshelwa. Niyabo? Futhi bekulokhu kungaleyo ndlela. Ngakho, ngakho-ke, ngiphumula ngokuqinisekile ukuthi lokho Akushoyo, nguNkulunkulu, futhi kufanele kube yiqiniso.

5 Futhi-ke esikhathini esithize esedlule, ngangisembonweni futhi ngabona i—itende elikhulu. O, kwakungokukhulu

kakhulu, udaba olukhulu. Futhi ngangisanda kukhuluma nje, nemiphefumulo eminingi yayise-altare, futhi yayithi ukukhala izinyembezi nezandla zayo ziphakeme, ngokuthule nangokuzithoba. Kwavela indoda enhle ekhuluma kamnandi yaya emsamo futhi yathi, "Manje bazobumba umugqa womkhuleko ngenkathi uMfowethu Branham esalungiselela." Futhi ngangimi nga*leyo* ndlela, kusobala, umugqa womkhuleko wawuyoba ngakwesokunxele sami. Futhi ngaqaphela isixuku sabantu ababebonakala bemboza indlu yasedolobheni noma ngaphezulu, ababeme emgqeni. Kwakunesakhiwo esincane, isakhiwo sezingodo, ngaphakathi kwalelitende. Futhi kwakunowesifazane emi lapho, indoda, enye ithatha amagama, futhi abantu babengena ngezinduku zokuqhugela nezinhlaka, futhi bephuma ngolunye uhlangothi, behamba. Awu, ngamangala ukuthi yini konke okwenzakalile phakathi lapho. Kwase kuthi-ke leyoNgelosi yeNkosi, Leso isithombe sayo enisibona lapha, Yasuka kimi, futhi yawelela ngqo ngaphesheya kwaleso sakhiwo esincane, futhi yema lapho, yase yehla. NePhimbo lakhuluma, lase lithi, "Ngizohlangana nawe kuleyo ndawo." Awu, manje, ngibheke phambili kuleso sikhathi.

6 Bengiphumile, isikhathi esithize manje, ngiphumule, ngenxa yokusebenza ngokweqile. Ngiyabuya.

7 Futhi ngempelasonto edlule, sasinencane, uhlobo oluthile lwemfundiso yebandla ubusuku obuthathu lapha. Okungukuthi, ngobusuku boMgqibelo odlule, ngeSonto ekuseni, neSonto ebusuku, ngaphambi kwalomhlangano. Uhlobo lokuthola ibandla lishukunyisiwe esimweni, ukuze sikwazi ukuqhubeka nalomhlangano ozayo manje. Bese kuthi-ke masinyane emva kwalokhu, ngeSonto ebusuku kuzoba ngubusuku bami bokuvalelisa etabernakele okwesikhathi esithize, ngokwazi kwami konke. Futhi manje . . .

8 Futhi ngifisa futhi ngethemba uNkulunkulu, ukuthi esikhathini esithize kuleliviki, ukuthi ngifuna ukusebenzisa leligumbi elincane elingapha ngilenze igumbi lokukhuleka. Nokungenisa abagulayo nabahluphekile, futhi ngibone uma Ezohlangana nami, futhi ngiqale etabernakele futhi, enkonzweni entsha. Ngingathanda ngempela ukukubona kwenziwa. Angazi ukuthi kuyini, bangani bami. Anginamqondo ukuthi kuzoba yini. Kodwa Lowo Olalele manje, ngithemba ukuthi kuzoba yinto engaphezulu ukusiza abaKhe abampofu, abagulayo, abantwana abahluphekile balolusuku. NgiMethembisile ukuthi ngizothembeka futhi ngibeqotho, futhi ngizame ukubaqotho kakhulu kunoma nganginjalo ngezinye iziphiwo Azinikezela. Futhi uma kuyofezeka, kuyoba yinto yangempela nje njengoba ezinye bezinjalo. Manje lezo ezinye iziphiwo zisalokhu zizinzile njengoba zazinjalo. Niyabo? Kodwa ngiphokophelele okuthile okusha ukuba kwenzeke manje, futhi ngithemba ukuthi kwenzeka lapha. Manje, ngacabanga,

mhlawumbe kulobubusuku sizokhuluma futhi sibone ukuthi ngizizwe kanjani.

9 Futhi enye into engangifuna ukuyenza, ngangifuna ukuzama ukuthola, ngenkathi singena okokuqala, uma ngangingathumela umkami phakathi lapho, futhi ngimvumele abe nami ngenkathi kwehla okokuqala, ukubona uma kuzoba ngaleyondlela. Uma kungenjalo, khona-ke, ekungeniseni abesifazane, sizoletha labo ababili ngesikhathi, abesifazane ababili ngesikhathi, bangene. Ngakho angisho ukuthi kuzosebenza noma ngayiphi indlela; ukuze nje nazi, ngoba sekuvele kushiwo ukuthi sibheke okuthile okusha ukuba kwenzeke, futhi sinjalo. Kodwa manje angisho ukuthi Wangitshela ukuthi kuzokwenzeka. Lapho ngibone khona embonweni owawusetendeni. Kodwa, kusobala, kungahle kwenzeke noma kuphi, noma ngasiphi isikhathi, ngakho siphokophele kukho.

10 Manje sizozama ukunikhipha kusenesikhathi. Inkonzo yamaculo, isigamu sehora, nenkonzo yokushumayela, nenkonzo yealtare, nokunye nokunye, cishe ihora elilodwa, okuzokwenza ihora nohhafu, ukuze abantu abamile bengeke babanjwa amajaqamba; bese bebuya kusasa ebusuku.

11 Manje, ngaphambi nje kokuba sivule leliZwi elidala elibusisiwe. Futhi sizoniqinisekisa, asisoze sasho lutho ngaphandle kwalokho okukuLelo, ngoba Lelo yisisekelo. Futhi ngaphambi kokuba senze, asikhothamise amakhanda ethu nje, umzuzwana, senzele izwi lomkhuleko.

12 Nkulunkulu othandekayo, sisamile kulobubusuku eBukhoneni baKho, futhi siqaphela uhlaka lwethu oluntekenteke, ukuthi siluthuli lomhlabathi nje. Wena wasiveza njengezidalwa eziphilayo, ukukudumisa nokukhazimulisa Wena. Futhi siyaqonda ukuthi izimpilo zethu nesiphethelo sethu kulele ezandleni zaKho ezibusisiweyo. Futhi sizibophezele, ngokukholwa, ezandleni zaKho, sithemba ukuthi isiphethelo sethu saPhakade siyonikezelwa kithi, ukuba sihlale naWe inguna phakade ezweni elingcono, lapho esingasoze saba nomkhuleko wabagulayo nabaswele. Akusoze kwaba nonyembezi oluqathaka esihlathini. Akusoze kwaba no—nobuthakathaka, umuntu oshwabene oyoke akhuphuke. Kodwa siyoba basha lapho, kuze kube phakade, nenkazimulo kaNkulunkulu iyoba phezu kwethu. Futhi asiyikudinga ukuphulukiswa, ngoba siyophulukiswa Phakade, kuze kube phakade. Lapho lesisidalwa esiyiso manje siyoguqulwa futhi senziwe sibe umzimba ofana nomzimba waKhe okhazimulayo, khona-ke siyakuMbona njengoba Enjalo. Kuze kuba lelohora elibusisiwe lifikela thina sonke ukuba size, sifisa ukufaka yonke imizamo esaziyo ukuthi kanjani, ukuba sidumise iGama laKho elikhulu, sinokukholwa okunjalo ngalokhu Osiphe khona.

13 Kukwintambama yalombuthano omncane ndawonye lapha kulendawo encane yesikhumbuzo, esikhumbuzweni semvuselelo yokuqala esayibamba lapha. Nemikhulu, imisebenzi yamandla Owasikhombisa yona ngesandla saKho esikhulu esinamandla. Kusukela lapha kwashanyela kwakhipha yonke imvuselelo ezizweni zonke. Nasemhlabeni jikelele, kulobubusuku, imililo yemvuselelo ivutha emagqumeni, namadoda nabesifazane bayaphulukiswa ekuguleni nasezifweni zabo, futhi aseza ekujwayelaneni noNkulunkulu weqiniso nophilayo. O Nkosi Nkulunkulu, thulula uMoya waKho phezu kwethu kulobubusuku, Nkosi, ngezilinganiso ezinkulu.

14 Futhi uma kuKujabulisa kakhulu, Nkosi, uma kuluhlelo lwaKho lobuNkulunkulu, besingacela, O Nkulunkulu, ukuthi kulesisakhiwo Ubungaqala lesi siphiwo esisha ukuba sisebenze, ukuthi laba abasale ngemuva, bevela emasimini, futhi kade bengamaqhawe omkhuleko, bangahle babone, okokuqala, isandla esikhulu sikaJehova sihamba ngalendlela entsha (Siphe khona, Nkosi.), futhi sibe ngabahlanganyeli bezithelo. Sicela kuphela ngokuthobeka ukuthi kuzakunikezelwa lapha, sazi ukuthi kuyoba ndawondawo, ngoba sizizwela ukuthi kusekuhlinzekeni kwaKho okukhulu ukwenza kanjalo.

15 Manje sibusise, Nkosi, sisaphenya emuva amakhasi eNcwadi, iZwi laKho elingcwele elibusisiwe. Kwangathi imimoya yethu ingavuleka ukuba ikwemukele, Nkosi. Futhi lapho izinkonzo ivalwa kulobu busuku, futhi siqala siya emakhaya ethu ehlukene, kwangathi singasho njengalabo ababevela e-Emawuse, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini ngaphakathi kwethu, kulobubusuku, lapho Ekhulumisana nathi endleleni na?" Ngokuba sikucela eGameni laKhe nangenkazimulo yaKhe. Amen.

16 Kulobubusuku ngikhethe, okokufundwa komBhalo nje, amavesi ambalwa, uma nifisa ukuphenya kuwo, eNcwadini yamaKhosi, amaKhosi okuQala, nesahluko se 18 samaKhosi okuQala. Futhi ngifuna ukuqala ukufunda kusukela evesini le 17. Futhi ngifisa ukuthatha-ke, okwendikimba: *UkuMKhuphula Aphume EMlandweni*. Manje, nina enikubhala phansi, ngingahle ngikucaphune futhi: *UkuMKhuphula Aphume EMlandweni*. Manje ivesi le 17 lesahluko se 18 samaKhosi okuQala.

> *Kwathi, u-Ahabi esembonile u-Eliya, u-Ahabi wathi kuye, Nguwe ongumhluphi wakwa-Israyeli na?*
>
> *Kodwa wathi, Mina angimhluphanga u-Israyeli; kepha nguwe, nendlu kayihlo, ngokuyilahla imiyalo yeNkosi, uze* ukuba *ulandele oBali.*
>
> *Ngalokho thumela, ubuthe kimi u-Israyeli wonke entabeni yaseKarmeli, nabaprofethi baka*Bali *abangamakhulu amane namashumi ayisihlanu,*

*nabaprofethi bezivande abangamakhulu amane, abadla etafuleni lika-Izebeli.*

*U-Ahabi wayesethumela kubo bonke abantwana bakwa-Israyeli, wabutha abaprofethi entabeni yaseKarmeli.*

*U-Eliya wasondela kubo bonke abantu, wathi, Koze kube nini nimanqikanqika phakathi kwezinhlangothi ezimbili na? Uma iNKOSI inguNkulunkulu, mlandeleni yena: kepha uma kunguBali, mlandeleni yena. Kodwa abantu kabamphendulanga ngazwi.*

17 Simile kulobubusuku phezu kondi, futhi sikuqaphela kufezeka, futhi kwambulwa, izenzeko ezimbili ezinkulu. Nalezo zenzeko ezimbili ezinkulu zingukuthi: esinye sazo ngukuphela komlando, nesinye ngukuphela kwesikhathi. Futhi amadoda amaningi amakhulu, ezansi kwehle ngeminyaka, ayelangazelela ukubona lelihora esisondela kulo manje. Futhi njengoba siphila kulokhu kuhleleka kwelanga elisazobhubha nokungena kokuKhanya okuPhakade, ngizizwela ukuthi siphila komunye weminyaka omkhulu kunayo yonke umuntu ake avunyelwa ukuba aphile kuyo, ngoba sekungukuvala kwesikhathi nokungena kwePhakade. Umlando kuphela usitshela ngalokho esikufundile, obekuyikho. Futhi okukwikusasa kulele esandleni sikaNkulunkulu. Futhi sithola ukuthi, namhlanje, ukuthi akukho mlando omningi kakhulu obhaliwe, ngoba angicabangi ukuthi uyoke usetshenziswe.

18 Zombili lezi zehlakalo ezinkulu zigijima ziyongena emanzini angajulile. Isibonelo nje, i. . . Indlela esihluleka ngayo ezinkingeni zezwe. Nezokuvikela zezwe zigijimela emanzini angajulile. Ngihambela ndawozonke, emhlabeni jikelele, kubonakala sengathi akusiso isizwe sethu kuphela, kodwa asikho isizwe esaziyo nje ukuthi senzeni. Kubonakala sengathi kunesiyaluyalu yonke indawo. Ngingena eAfrika, bonke besaba ukuvukelana phakathi kwabantu, nobukhomanisi bushanyela izwe. Ngingena eSwitzerland, indlela efanayo. Futhi zonke ezinye izizwe engizihambele, zibonakala sengathi kukhona ukuxokozela ndawo zonke.

19 Manje niyazi, iNkosi yethu yabikezela ukuthi isikhathi esinjalo siyofika, ukuthi kuyakuba khona "ukungahlaliseki phakathi kwezizwe, ukuwiliza kwesikhathi, ukuhlupheka phakathi kwezizwe."

20 Futhi sizame konke okubonakala kunokwenzeka ngokobuntu, ukukwenza kuhlale isikhathi eside isikhathi esidanyana nje. Kodwa ngikholwa ukuthi siyahluleka nje. Angikholelwa ukuthi kukhona okunye esingakwenza ngakho. Sisekupheleni kwakho nje. Sizamile okwesikhashana, ekubeni namakhosi, futhi abengeke asebenza. Base bezama intando yeningi; ayisebenzi. Futhi siyavivinywa. . . Bazame ondlovu

kayiphikiswa, futhi akusebenzi. Futhi ngakunye kubonakala kuthola nje ukungajuli kancanyana, isikhathi ngesikhathi. Manje sime esikhashaneni esikhulu lapho kungenzeka noma yini. Kungaphela, esikhathini esiyimizuzu emihlanu, ukuthi zonke izizwe ziyokwenziwa impuqupuqu.

21 Futhi uma sikuleso sikhathi, belifanele libe kuphi iBandla na? Inhlekelele enkulu!

22 Bese-ke, futhi, sinenhlekelele yempilo yasekhaya. Kubonakala sengathi ukuthi impilo yasekhaya iyaphela ingena emanzini angajulile. Kwakuvame ukuba, ekhaya, ukuthi ubaba, inhloko yomuzi, wayehlala phansi ekuseni, futhi wayekhuluma nomndeni wakhe, futhi bonke bathathe iBhayibheli elidala lomndeni futhi bafunde kancanyanyana nje, futhi—futhi bonke behlangane bazungeze itafula bese beba nomkhuleko. Awusakuboni lokho. Futhi lapho usuku seluphelile, nomama wayesehlambe izitsha, bonke babebuthana bangene futhi bafunde okunye kweBhayibheli, futhi bakhuleke ngaphambi kokuya embhedeni.

23 Ubuhlongandlebe bentsha ngempela kwakuyi—yinto engelula ukuyithola ngalezo zinsuku. Abafana bonke baya emasimini ukuyosebenza. Namantombazane ayesiza umama ngewashingi yabo, ezansi emfudlaneni. Kodwa, namhlanje, siphusha inkinobho encane nezitsha zonke seziqediwe. Nomama usemotweni futhi useye ephathini yamakhadi, noma ngaphandle egijimisana ngale ezitaladini. Ne—no—umsebenzi wenziwa ngugandaganda futhi nje asinalutho ngaphandle kwesigejani sabavilaphayo, abantu abangenzi lutho.

24 Nempilo yasekhaya ishiywe phansi kakhulu, kwaze kwaba iBhayibheli libekwe emuva, baze badingeke balizingele ihora ukuba bathole elilodwa, emakhaya amaningi aseMelika. Baya enkonzweni ngeSonto ekuseni, ngokwenkolo yabo, cishe imizuzu engamashumi amabili. Futhi uma umelusi ethatha cishe imizuzu engamashumi amathathu, ubizelwa kwibhodi. Kuyini na? Impilo yasekhaya iyaphela.

25 Kwakuvame ukuthi ubaba nomama babethandana futhi behloniphana futhi bazisana. Futhi lapho esekhulile futhi esempunga, sekuvela imibimbi, nobuso bakhe obudala bonke budwebekile, nezibuko zakhe zilengela phansi phezu kwekhala lakhe, ubaba wayemthanda njengoba nje ayemthanda lapho esemusha futhi emuhle.

26 Kodwa, namhlanje, angiqondile ukuba ngosolayo, kodwa owesifazane ethola ukubamdala kancane, owesilisa umane amshintshanise ngemodeli entsha. Kubonakala kungaleyondlela, njengokushintshanisa izimoto noma okuthile. Kubonakala kanjalo ukuthi uthando lomndeni lwangempela alusekho nhlobo. Kunokuthile okwenzekile nje; impilo

yasekhaya iyaphela. Asisenalo ikhaya elidala laseMelika njengoba sasivame ukuba nalo, eminyakeni eminingi edlule.

27 Kunenye into engingathanda ukuyisho, lokho ngeny'into ephelayo, kungukuthi, ubungani buyaphela. Akubonakali sengathi sinabangani esasivame ukuba nabo. Nabangane esinabo akusibo abangani abaqotho njengoba kwakuvamile. Kwakuvame ukuthi, ngiyakhumbula, lapho othile egula komakhelwane, ukuthi wonke umuntu eze ngakhona futhi babebasiza ngalo lonke uhlobo lomsebenzi wabo, futhi befake isandla kunoma yini engenziwa. Behlale nabo ubusuku bonke ngesikhathi. Njengoba ngangivame ukusho, kuyiqiniso, ukuthi, kuba lukhuni ukwazi ukuthi umakhelwane useshonile kuze kuba sikubona ephepheni. Ubungani!

28 Ubaba unesihluthulelo sendlu, nomama unesihluthulelo. Futhi bobabili baphume bahamba, maphakathi nobusuku. Nabantwana, abazi ukuthi bakuphi. Nabancanyane banomgadi wezingane. Futhi yileyondlela impilo ephilwa ngayo.

29 Niyazi ukuthi iBhayibheli libikezela zonke lezizinto na? Ngakho kuyini-ke na? Kungukuthi sime esimweni sibukela lezi zinto ziphela.

30 Asithathe impilo yebandla. Yilapho konke kwaqala khona. Impilo yebandla iyahluleka. Abantu bavele bathathe ibandla, namhlanje, cishe impela okwesithixo, njengepali lophawu lwesizwe. Hamba uhlale ebandleni, imizuzu emihlanu, futhi, "Ngiyenzile inkolo yami." Ukhokhe umnikelo wakho omncane, noma ngabe kuyini, ukukhokhela umelusi. Abakuqondi lokho; banokudla kwakusihlwa okuncane, futhi bakulungisele umelusi. Futhi uma engenelisekanga, uyahosha aye kwenye indawo ezomnika umholo ongcono. Kubonakala sengathi umelusi akasabizwa ngokukaNkulunkulu. Kubonakala sengathi nje sekuqala ukuba yithikithi lokudla kumelusi. Ukuthi, abantu nomaphi lapho bemnika khona imali eningi kakhulu, yilapho aya khona. Akufanele kube ngaleyo ndlela.

31 Kufanele kube ngukuthi indoda yabizelwa nguNkulunkulu emphakathini. Futhi uma kwakudingeka ilale lapho njengoba kwenza uElija, esiqongweni sentaba, emfudlaneni iKeriti, futhi alindele ukondliwa ngamagwababa, wayefanele ahlale kuze kuba umsebenzi wakhe wobuNkulunkulu uyagcwaliseka. Kungenandaba uma ethola upeni, noma qhabo, kufanele kube ngukubiza kukaNkulunkulu, kuqala.

32 Kodwa, kubonakala sengathi, sekuguqukele ekubizeni kwemali, noma isikhundla esikhudlwana nokuthile kulolohlelo, noma ukuba umuntu othandwa kakhulu ngabantu nebandla elikhudlwana, noma into ethize enjalo.

33 Futhi-ke ibandla, phakathi lapho, benzele phansi. Baqala ukuphela. Kubhekeni nje kuvezwa obala.

34 Manje nokho ngisengaphansi kweminyaka engamashumi amahlanu ubudala. Futhi ngiyakhumbula ngokuya ebandleni leBaptisti namabandla eMethodisti, futhi ngibabheke emvuselelweni eyifeshini endala, lapho babememeza futhi bedumise iNkosi, futhi behamba phansi naphezulu phakathi nezihlalo futhi bevumisa izoni ealtare. Anisakuboni neze lokho nomaphi. Babevame ukuba nemihlangano yomkhuleko yefashini endala ngesikhathi semvuselelo; nesoni esakhele endaweni, umfana noma intombazane. Nalabomama nobabayi abadala babekhuleka kanzima kakhulu baze bakhulekele ukuphenduka kulabo bantwana, futhi babeya ealtare, futhi lapho beze kuKristu.

35 Kodwa anisakuboni lokho. Kubukeka ngathi kugijima emanzini angajulile. Akubonakali nje ukuthi bekufanele kube ngaleyondlela.

36 Manje-ke kwakuvame ukuba ngukuthi ikakhulu noma yimaphi amabandla ayeyo, eminyakeni edlule lapho ayeba nemvuselelo ebandleni elilodwa, onke amanye amabandla ayebambisana. Futhi ayengena futhi asize, futhi athumela amalunga abo ngale, futhi avale amabandla, futhi babe nemvuselelo. Awusakuboni nhlobo.

37 Manje kwenzekani nje? Futhi nizokwenzani ngakho na? Kugcwalisa nje iZwi likaNkulunkulu ophilayo. Futhi likhomba, imisebenzi emibili: enye yayo, ngukuphela kwesikhathi; nenye, ukufika kweNkosi uJesu. Ngokuba uMoya oNgcwele ngokuqinisekile wakhuluma futhi wathi, "Ezinsukwini zokugcina amabandla ayoba nganamawala, abaklolodayo, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu; abahlukumezi bamanga, abaqamba amanga, abazondayo, nabadeleli balabo abalungile." Ngakho uma iBhayibheli labikezela izinto ezinjalo ukuba zibekhona, singalindela kanjani noma yini eny'into ngaphandle kwalokho ukuba kwenzeke na? "Benesimo sokwesaba uNkulunkulu, kepha aMandla akho bewaphika."

38 Hambani nedlule kulesisizwe namuhla, izizwe zethu, futhi uthole inkeshezana encane yamakholwa akholwayo; ngiqonde, amakholwa angempela akholwa ukuthi uJesu Kristu uphila ngempela. Niyabo, benze ibandla isithixo nje. Sedlule kulokho, izinsuku ezimbalwa zokugcina, ekufundiseni kwethu. Sikuphonsela ebandleni eliKatolika, izithixo zabo, futhi baguqa kuso lapho bedlula endlini yokukhonzela. NamaProtestani mabi ngokufanayo, kanjalo baya lapho kanye ngankathi. Futhi mhlawumbe abanye babo bahamba kanye ngonyaka, futhi lokho kungePhasika.

39 Ngezwa umfundisi lapha kungekudala, edolobheni, owenza lokhu kuphawula. Wathi, "Ngatshela bonke abantu bakithi, ekuseni kwePhasika, 'UKhisimuzi omuhle.'" Wathi, "Angeke

ngisababona kuze kube uKhisimusi noma iPhasika elilandelayo. 'UKhisimuzi omuhle!'"

40 Futhi njengoba simi lapha, sibukela lezizinto zivezwa obala, futhi ngamunye wethu osazofa, futhi sazi ukuthi kukhona okumele kwenzeke. Akukwazi nje ukuqhubeka kanje.

41 Wonke umuntu akanasikhathi sokuma imizuzu emihlanu. Basekucindezelekeni nokugijima, nokuphuthuma nokuminyana, emgwaqweni. Lapho abantwana ubekhuphuka ngomgwaqo omkhulu ngalentambama, bengiza . . . Noma, emini, bekuyiyo. Bengivela eNew Albany. Futhi nakhu kuza inenekazi lehla ngomgwaqo, phakathi kwalabo bantwana, cishe . . . endaweni yamamayela angamashumi amabili, cishe amashumi ayisithupha noma amamayela angamashumi ayisikhombisa ngehora, nje edabula kanzima ngangakwazi ukukwenza. Futhi uyakuphi na? Emizuzwini embalwa, ngathi, "Ucabangani ngalokho na?" kumuntu owayenami. Nakhu kuza ezinye izimoto ezimbili zibekelelana, njengezimoto eziguquliwe zafakwa amandla amaningi, phezulu ngqo phakathi kwalabo bantwana. Ngendlela yethu lapho sihlala khona, ekuseni, kufana nomzila wokumjaho; ufanele aphuthume aye ekhaya ukuhlamba izitsha, noma alalele u-Arthur Godfrey, noma okuthile. Uyaphi na? Yini indaba na? Yini enze into ibemabheketwane yonke, yingenxa yokuthi amadoda nabesifazane sebebe ngabathandi balelizwe lamanje. Into enhle kakhulu, obekufanele kube yiyo, bebeyoza ekhaya ukuba bafunde iBhayibheli nasesikhathini sokukhulela.

42 Ngicabanga ngomama kaJohn Wesley, uSusanne. Wayengumama wabantwana abayishumi nesikhombisa. Futhi wayenesikhathi ukuba asichithe, ngicabanga ukuthi, kwakungaba amahora amabili noma amathathu nsuku zonke emkhulekweni. Futhi wakhulisa futhi wanesa abantwana abayishumi nesikhombisa, okwaveza omunye wabashumayeli abakhulu kunabo bonke emhlabeni, nomunye wababhali bamaculo omkhulu kunabo bonke bosuku, uCharles noJohn. Ngoba, wathatha isikhathi ukuba akhonze uNkulunkulu, futhi hhayi ukulibala ezintweni zezwe.

43 Futhi lapho sesibone isisekelo sethu sezwe lethu, isisekelo sekhaya lethu, isisekelo sebandla lethu, sicwila, khona-ke, bazalwane, yini esingayenza na? Khona-ke, ngifuna ukusho lokhu. O, ukuba benginephimbo ebengingenanela ngalo ezweni! Sinesisekelo esiqinile esisele, futhi leso yiZwi elingcwele likaNkulunkulu elibusisiweyo, iBhayibheli. Ngokuba kodlula konke amazulu nomhlaba, kepha iZwi likaNkulunkulu alisoze ledlula. "Futhi phezu lwaleliDwala," UNkulunkulu wathi, "Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango asehayidese awayikuLahlula."

44 Ngakho-ke kuyinhlanhla engakanani ebusisiwe kithi sonke, ukufinyelela ngale futhi sithole iBhayibheli likaNkulunkulu

elihle elidala, futhi siphenye ngemuva amakhasi, futhi sazi ukuthi sifunda ngokuqondile iQiniso. Nokubona ukuthi lezi zikhathi ezenzeka ezinsukwini esezadlula, ngokuba likhuluma ngoNkulunkulu womlando. Nendlela kuphela esiyohlala singayo, ukubhekana nalezi zindlela, noma uku—ukuwela emgqeni, ngukubiza, emlandweni, lowo Nkulunkulu womlando. Ngoba kuzo zonke izinsuku, embujisweni yangaphambi kokubhubha komhlaba ngamanzi, ngaphambi kokufika kukaKristu, nasezehlakalweni ezahlukene, Akahluleki neze, uma Ebiziwe. Uhlale eqinisile.

45 Ngicabanga ngesikhathi manje, ukuthi lapho isizwe sasisekuthunjweni. KwakunguIsrayeli. Futhi babesezansi eGibithe futhi benziwa banzima futhi babalukhuni, ukuba bakhonze abaseGibhithe. Kubonakale sengathi wonk'umuntu uvele wabanda nje. Benazi ukuthi uIsrayeli ubeseGibhithe kabili kunanjengoba iUnited States ibe isizwe na? Asingaphezulu kweminyaka eyikhulu namashumi amahlanu noma amashumi ayisikhombisa ubudala, into efana naleyo. Futhi babesebugqilini iminyaka engamakhulu amane namashumi amabili, noma ezansi eGibhithe. Kodwa kufika isikhathi, lapho kwakubonakala sengathi onke amathemba ayengasekho.

46 Kodwa kwakukhona indoda eyodwa nowesifazane owabonakala enokukholwa kuNkulunkulu womlando owakhuluma noAbrahama ngesikhathi senhlekelele, futhi babekholwa ukuthi bangaMbiza futhi Uyophendula. Futhi lowo kwakungu Ham-. . .uAmramu noJokebedi, umka Ham-. . .uAmramu, umama nobaba kaMose. Futhi njengalapha, esikhathini esithize esedlule, ngangishumayela futhi nganikeza umfanekiso omncane wokuthi uAmramu wayefika kanjani ekhaya ebusuku, futhi wayethi, "Jokebedi, ngikhathele kakhulu." Nemivimbo emisha emhlane wakhe, eyokubhaxabulwa yizi—zinduna.

47 Futhi wayehlala phansi ngesineke, mhlawumbe, futhi ahlanze i—izindawo, futhi akhale izinyembezi bese ethi, "O, Amramu, akukho okungenziwa na?"

48 Ngiyamuzwa ethi, "O, sthandwa, ukuba ubunami namhlanje, futhi wababona bebhaxabula labo bafana abancane, bezama ukudonsa leyo mithwalo. Kodwa bebenesihluku. Babaphathe sengathi bebeyizilwane. Futhi yizinsizwa zethu zakwaIsrayeli. Akukho okungenziwa na?"

49 Yilokho engikucabangayo manje. Ukubona abafana bethu abayinjejana, abazoba ngamadoda nabesifazane bakusasa, injenjana yethu namhlanje. Izinwele zehlele entanyeni yabo, namabhulukwe amabreeches edonswe abangaphansi kwezinqulu zabo, nevolovolo linamathele ohlangothini lwabo, usikilidi ohlangothini lwemilomo yabo. Kuzoba yini na?

Kusengubugqila ngaphansi kukadeveli. Ayikho into engenziwa na?

50 Futhi uAmramu, mhlawumbe oyedwa wababodwa kuphela besizwe, wayeyokhwela izitebhisi ezincane zesitebhisi, kungakhathaleki ukuthi wayekhathele kanjani. Lapho, ubusuku ngabunye, wayebiza uNkulunkulu ka-Abrahama, Lowo ayefundile ukuthi ufika kuAbrahama, futhi ufika kuJobe, futhi ufika kuIsaka, futhi ufika kuJakobe, ngesikhathi senkathazo. Futhi, ngokuqinisekile, uma WayenguNkulunkulu osukwini lwabo, Wayezoba nguNkulunkulu ngalolosuku.

51 Futhi uma WayenguNkulunkulu osukwini lukaMose, UnguNkulunkulu namhlanje. Udinga nje ukubizwa aphume emlandweni, futhi abizelwe enkundleni yesenzakalo.

52 Futhi ngiyabona uAmramu, ubusuku emva kobusuku, kungenandaba ukuthi ukhathele kanjani; lokho kwafakazisa ukukholwa kwakhe kulowo Nkulunkulu.

53 Kodwa, namhlanje, abantu, uma bengakutholi konke abakucelayo, esikhathini sokuqala bekhuleka, kubonakala ngathi bacabanga ukuthi Ufile. Esikudingayo ngamadoda nabesifazane, namhlanje, bomoya wobuqhawe, amadoda nabesifazane abazimisele ukubambelela, baze babone uNkulunkulu ophila ngempela, esebenza, ongeke athathe uqhabo njengempendulo. Bazimisele ukuhlala nakho. Uma begula, nodokotela uthe ngeke basinda, nokho Into ethize engaphakathi kwabo ibatshela ukuthi bazosinda. Bambelela, kungenandaba ukuthi kwenzakalani! Ngabe nijoyine amabandla ezwe lobuhlelo, ngemuva kokuba senithene wonke amandla enu ekuhambeni nisuka ezindaweni ngezindawo, futhi anikakakutholi ukuphumula na? Kusekhona uNkulunkulu ophendula umkhuleko futhi akusindise esonweni.

54 Futhi njengoba singabona, uAmramu, ngalobo busuku bokukhathala, opha emhlane, ekhwela ngezitebhisi futhi, kuze kube yihora lesibili nelesithathu ekuseni, ekhuleka, futhi kubonakala sengathi ukhuluma emoyeni nje. Phansi enhliziyweni yakhe yomJuda lapho kwakuvutha ukukholwa ukuthi akukho mimoya yokungabaza eyoke ikucime.

55 Lolo uhlobo lwamadoda nabesifazane esiludingayo ukuba luvuke enkundleni namhlanje. Uma Engaphenduli kulobubusuku, Uzophendula kusasa ebusuku. Uma Engaphenduli kulonyaka, Uzophendula ngonyaka ozayo. Ngokuba, UnguNkulunkulu; hhayi *u*nkulunkulu, kodwa uNkulunkulu *uqobo*.

56 Futhi siyambona, ubusuku emva kobusuku, lapho uAmramu ekhwela izitebhisi. NoJokebedi wayenyukela kuye futhi athi, "Amramu, sthandwa, ubulokhu uphezulu lapha ukhuleka ubusuku bonke. Awubatsheli ngani abanye abafana lapho osebenza khona, futhi ubakhulekise isikhashana na?"

57 "Awu, sthandwa, kuzothiwani uma bengakwenzi na? Umuntu othize uzofanele akwenze. Umuntu othize uzofanele akhuleke aqede."

58 Yileyondlela onke amaKristu abefanele azizwe ngayo kulobubusuku; hhayi ukulinda omunye umuntu, kodwa abe sekhaleni, thina uqobo, futhi sidlule. Uma sikholwa ukuthi iBhayibheli liwumlando, kanti futhi liyiNcwadi yesiprofetho ekhuluma ngokuthi lowo Nkulunkulu ofanayo uyakuvuka ngezinsuku zokugcina. Futhi sekuyisikhathi saKhe ukuba afike enkundleni.

59 Yilokho uAmramu ayekwazi. Ukuthi uMose wayeprofethile. . . Noma, hhayi uMose. Uxolo. UAbrahama wayenikezwe isithembiso yiloNkulunkulu womlando, Ongawuphendulanga umkhuleko eminyakeni engamakhulu amane, ngesinakho kuqoshwe phansi. Kodwa Wenza isithembiso ukuthi Uyobakhipha.

60 Futhi, kubonakala sengathi, sibe noNkulunkulu othule isikhathi eside, kodwa ihora selifikile lapho Ezovuka khona enkundleni.

61 Ngobunye ubusuku lapho uAmramu esekhulekile, mhlawumbe, iminyaka emininganana. Nezinwele zakhe manje zase ziba mpunga, futhi kungekho kukhululwa, kodwa nje kuthola ukuba kubi kakhulu. Ngobunye ubusuku wehlela ngqo ebhizinisini. Yingaleyondlela esifanele sikwenze ngayo; ukufinyelela ngqo ezansi ebhizinisini. Wathi, "Nkulunkulu, Wethembisa lokhu. Futhi besikulindele. Futhi sibona izibonakaliso zonke lapha, nesikhathi sesisondele. Sekuyisikhathi saKho ukuba wenze okuthile ngakho."

62 Ngenkathi esesemkhulekweni wokuzahlukanisela ojulile, ekhuleka ngenhliziyo yakhe yonke, wabheka, kumi ekhoneni. Wahlikihla amehlo akhe waphinda wabheka futhi. Nakho kumi iNgelosi nenkemba ihoshiwe. Yathi, "Ukukhululwa kuyeza. Futhi uzoletha indodana ezweni, futhi izoba yiyo ezobakhulula." Niyabo?

63 UNkulunkulu njalo uyawuphendula umkhuleko. Akanjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uma sibambelela nje!

64 UMose, lapho esehole abantwana bakwaIsrayeli, ngokwethembeka, bangena ehlane, futhi wafika oLwandle oluBomvu. Nezintaba ohlangothini olulodwa, nezingwadule ngakolunye, nempi kaFaro *ngale* ndlela, noLwandle oluBomvu phambi kwabo. Futhi babencinywe entanyeni encane. Kwakubonakala sengathi ngisho nemvelo yayikhala. Kuzokwenzekani na? Sebeqediwe. Impi kaFaro, ngamashumi ezinkulungwane, ukuba ibaxoshe ezansi.

65 Kodwa benzani abantu na? Baqala ukukhononda nokukhalaza. "O, kwakuyoba ngcono ukuba sahlala endaweni yethu lapho sasikhona."

66 Kodwa kwakunoyedwa phakathi kwalabo bantu, owayenelangabi lokukholwa likaNkulunkulu livutha enhliziyweni yakhe, owakholwa ukuthi uNkulunkulu womlando wayengavuka enkundleni kunoma yiluphi uhlobo lobunzima. UMose wama nezandla zakhe ziphakamele kuNkulunkulu, futhi wakhuleka kwaze kwathi uNkulunkulu womlando wavuka enkundleni ukuba abe nguNkulunkulu osukwini lwamanje. Futhi Wavula indlela, noIsrayeli wadabula emanzini, emhlabathini owomile.

67 O, akubanga yisikhathi eside emva kwalokho, kwaze kwaba uJoshuwa wayehole iqembu elifanayo, noma abantwana babo, ukuya eJordani. Futhi kwakuyinyanga ka-Ephreli lapho yonke imifudlana nokufuduka kolwandle, neJordani lalilikhulu ngokuphindwe kahlanu ubukhulu balo. Kubonakala sengathi noma yimuphi umholi omuhle wezempi wayeyobaletha lapho ngokuhlukile kulokho. Futhi kwakungaleso sikhathi, lapho kwakungekho thuba lokuwuwela. Kodwa uJoshuwa wakhumbula ukuthi kwakunoNkulunkulu womlando, iminyaka engamashumi amane ngaphambili, owavula loloLwandle oluBomvu, futhi wabiza lowo Nkulunkulu. Nalowo Nkulunkulu wehla ngamandla amakhulu, futhi waba nguNkulunkulu enhlekeleleni yamanje, futhi wavula iJordani futhi wabawelisa.

68 Kwakuyiminyaka eminingi kamuva, lapho ukufunda kwethu indikimba, kulobubusuku, ukufundwa kwendaba yethu, ngenkathi uElisha ebone isiqalekiso salesosizwe, futhi wayekhuphukele entabeni, futhi amakhulu eminyaka kwakungekho mkhuleko owaphendulwa kwaIsrayeli. Nokho, uElisha wayazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu womlando ongafika enkundleni. Futhi waphosela inselelo izwe elingakholwa ukuba lime ebukhoneni baloNkulunkulu futhi libone ukuthi ubani ongaphendula ngomlilo. NoNkulunkulu owayengavikela abantwana bamaHeberu esithandweni somlilo waqeda umlilo futhi waqeda umhlatshelo.

69 Kanti futhi kwakungekudala emva kwalokho lapho indoda yayifile, ogama linguLazaru. Futhi kwakukhona uNkulunkulu owayesaphila, owayengayisa uEnoke eKhaya ngale kokubona ngisho ukufa, futhi unyusa uElija ngenqola yomlilo. Futhi Wabizelwa enkundleni, ehoreni elimnyama lokufa, futhi Wenza ngendlela nje Ayengenza ngayo nganoma yisiphi isikhathi. Nokho, WayenguNkulunkulu womlando, kodwa wavuswa emlandweni eya enhlekeleleni yamanje.

70 Kwakusezansi ngasesangweni laseJeriko lapho impumputhe ihlezi ngasemgwaqweni, ikhala. Onke amathemba ayengasekho. Abekho odokotela ababengamsiza. Imali yakhe yase isetshenzisiwe. Kwakungasekho lutho olwakhe olusele ngaphandle kokuhlala lapho futhi aphuphe izinsuku ezimbalwa, kuze kuthi ukufa kube yimpumuzo emnandi. Futhi ngolunye usuku, ehla ngomgwaqo, uNkulunkulu womlando ufika

enkundleni, enhlekeleleni yamanje. UNkulunkulu wavula amehlo empumputhe.

71 Kwakusendlini kaJayiru, lapho odokotela babehlulekile, futhi bajikisa intombazanyana ukuba—ukuba iyofa. Nokufa kwase kungenile futhi kwathatha ukumemezela okubuhlungu kokufa kwayo, futhi kwasekuthathe umntwana qho, ikhaya, intombazanyana eneshumi nambili, futhi kwayinabisa embhedeni wokuphumula. Lapho umshumayeli omncane enehliziyo ephukile ayedingeke ashiye ihlelo lakhe nabangani bakhe bonke, kodwa wakhumbula ukuthi kwakukhona uNkulunkulu womlando owayengavusa abafileyo. Futhi waya koMfuna.

72 "Funani, niyakufumana; ngqongqothani, niyakuvulelwa; celani, niyakuphiwa." UsenguNkulunkulu ofanayo.

73 Ngenkathi loNkulunkulu, ehlala emzimbeni othiwa nguJesu, iNdodana kaNkulunkulu, ngenkathi Wayebizelwa enkundleni, wabizwa waphuma emlandweni, uNkulunkulu Owayengavusa abafileyo eTestamenteni eliDala, abuyise ukuphila enganeni esifile ngomprofethi. Lowo Nkulunkulu angeke afa. UnguNkulunkulu wePhakade.

74 Leyo ngane ilele lapho embhedeni, yenabile. NoJayiru omncane azi ukuthi umShunemi wabuyelwa ngumntwana wakhe, wathi, "Lowo Nkulunkulu womlando, uma Eke wabizelwa ekusebenzeni, UnguNkulunkulu ofanayo namhlanje." Futhi efunisisa, wayezwile ngoMuntu—Muntu othize owazisho ukuthi unamandla, nalowo kwakunguJesu waseNazaretha, Owayezondwa abantu bonke. Kodwa waMbizela enkundleni, ngoba Wayengomelele oseduzane kunabo bonke ayengamthola okaNkulunkulu ngalolosuku, uNkulunkulu kaNkulunkulu ophilayo. Futhi ngenkathi Ebizelwa enkundleni, noNkulunkulu womlando wabizwa, Wenza ngendlela efanayo Enza ngayo ngenkathi Ekhulume kuElija kuleyongane efile.

75 Ake ngisho okunye namhlanje, mfowethu, dadewethu, kulolusuku lwamanje lapho inhlekelele, futhi lapho umdlavuza udla uqeda umhlaba, nezifo zalo lonke uhlobo; uNkulunkulu ofanayo womlando owahlanza onochoko, waphulukisa abagulayo, futhi wavusa abafileyo, unguNkulunkulu ofanayo namhlanje. Ulindele ngokushisekela abantu baKhe ukuba baMbizele enkundleni yesenzeko.

76 Lowo Owayengathethelela isifebe ngokuphinga kasikhombisa ngosuku; Lowo Owayengahlanza isoni esibi kakhulu futhi azenze zibemhlophe njengomnduze; lowo Nkulunkulu ofanayo womlando usaphila nanamhlanje, ukuhlanza yonke inhliziyo emnyama ngenxa yesono nokungakholwa.

77 Kwakukhona indoda eyayinomfana onesithuthwane ngolunye usuku, futhi yamyisa ebandleni, nabafundi basina futhi bampompoloza ngakuye, okwesikhashana, futhi bengasizi ngalutho. Kodwa kwakusekhona uNkulunkulu womlando owayephila. Wayezimisele ukuMthola. EMbona ehla evela entabeni, wagijimela kuYe, wayesethi, "Nkosi, ngihawukele. Udeveli uthathe umntanami, futhi uyalaza bese ewela emlilweni."

78 UJesu wathi, "Ngingakwenza, uma ukholwa." Uma ukholwa yini na? Uma ukholwa ukuthi uNkulunkulu womlando usaphila nanamhlanje. Futhi Wabizelwa enkundleni, nesithuthwane sashiya umntwana.

79 LowoNkulunkulu ofanayo usaphila nanamhlanje; lapho amabandla ehlulekile, lapho ezombusazwe zehlulekile, lapho konke okunye kwehlulekile, nomuntu wehlulekile, futhi konke kwehlulekile. UNkulunkulu angeke ahluleke. UnguNkulunkulu waleli elidala, iBhayibheli elikhavwe ngokumnyama. Isithembiso saKhe siqinisile nje njengalokhu Zazinjalo. Futhi yisikhathi abantu baKhe baMbiza ngaso, baMvusa emlandweni. Ngokuba kulotshiwe ukuthi, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." UnguNkulunkulu womlando, futhi UnguNkulunkulu wesikhathi samanje.

80 "Nasezinsukwini zokugcina," Wathi, "Ngiyothululela uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama, nezibonakaliso nezimangaliso ziyakubalandela abakholwayo; ngokuba ngeGama laMi bayakukhipha odeveli; bayakukhuluma ngezilimi ezintsha; uma bephatha izinyoka, noma baphuze okubulalayo, ngeke kwaba nangozi kubo; futhi uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda."

81 Lowo kwakunguNkulunkulu womlando onikeza isithembiso, futhi singabantu bedlelo laKhe namhlanje. Singumhlambi wezimvu zaKhe, futhi Usilindile ukuba futhi siMbizele esehlakalweni. SiMbizele esigcawini. SiMbhekisise engena emnyakazweni. SiMbhekisise Enza okuphakemeyo. SiMbhekisise enza into umuntu ezommangalisa, futhi benwaye amakhanda abo, futhi bengakuqondi. UnguNkulunkulu womlando, noNkulunkulu wosuku lwamanje. Ulindele ukubizwa aphume emlandweni.

82 AsingaMbheki; usisiza ngani uNkulunkulu womlando uma enguNkulunkulu womlando kuphela na? Wayeyomsiza ngani uNkulunkulu womlando uAmramu noJokebedi na? Wayeyomsiza ngani uNkulunkulu womlando uMose na? Wayeyomsiza ngani uNkulunkulu womlando uLazaru na? Wayeyosiza ngani owomlando (siza) uNkulunkulu akwenza kuBartimewu impumputhe esangweni na? Futhi ubezokusiza ngani uNkulunkulu womlando, kulobubusuku, uma Engesuye nanamhlanje na?

83 Usenguye nanamhlanje. Uthethelela zonke izono zethu, futhi uphulukisa zonke izifo zethu. UNkulunkulu womlando, obizwe waphuma emlandweni, Uyokhanyisa kulolusuku lokuKhanya. Ini na? Uma isikhathi sesiphela, lapho ezombusazwe seziphela, lapho ukuphila sekuphela, lapho konke sekufika ekupheleni, uJesu uyaKhanya. Lapho konke sekuhlangene nokubhujiswa kwakho, Usakhanya, "uMnduze weSigodi, eKhanyayo neNkanyezi yoKusa."

84 Unguye izolo, namuhla, naphakade. Vele ubize uNkulunkulu womlando nje, futhi uMbhekisise eba nguNkulunkulu wamanje, ovuswe emlandweni, ukuba akhanyise nje njengoba Enza ngaleyonkathi. Uyokwenza ngokufanayo. Uyokwenza okufanayo. Uyoxolela ngokufanayo. Uyophulukisa ngokufanayo. Ububele baKhe buyafana. Ukuvuma kwaKhe kuyafana. NaMandla aKhe ayafana. Usenguye. Ulindele okwethu . . .

85 Awukwazi ukumbiza ngezindebe zakho. Akafiki ngenkonzo yomlomo. Ufika ngokukholwa. Lapho ukukholwa kwakho; hhayi umkhuleko wakho omude, ukuvutha kwakho.

86 Kodwa Ufika ngalokho okuncane, ukukholwa okufiphele okule phansi emphefumulweni wakho, ongabambelela futhi uthi, "Leyonto encane ebikhona, ingilethe kulelitabernakele kulobubusuku, ingakhanyisa umphefumulo wami kabusha, ingangithumela kude nalapha, ukuvutha nokucula, njengezinyoni emoyeni." Ngani na? UnguNkulunkulu womlando noNkulunkulu wosuku lwamanje. Ulindele ukubizwa. Biza iNkosi. Izokuzwa. Khuluma naYo, ngehubo. Khuleka kuYo futhi uYikholwe. Izophendula.

87 Futhi lamazwi engiwashoyo, ekuvaleni. Yingalesosizathu lomhlangano, kulobubusuku. Yingalesosizathu lomhlangano uqalile. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ongitshelile, eminyakeni engamashumi amabili nesikhombisa edlule, ngenkathi sibeka lelitshe eliyisisekelo ngaphesheya, ukuthi ngiyoshumayela iVangeli emhlabeni jikelele. Wakufezekisa. Lapho behleka futhi bathi, "Uyaphi, Billy, ngemfundo yakho yebanga lesikhombisa na?"

Ngathi, "Ngihamba ngeGama leNkosi uJesu."

88 Ngenkathi ngishumayela intshumayelo yami ngaphambi kokuba ngihambe, eminyakeni eyishumi nanye edlule, ukunqamula lelipulpiti, noNksz Gertie ehlezi lapho, wacula lelo, u *Kholwa Kuphela*. Nesiqhwaga esikhulu simi ngaphesheya, njengoba ngashumayela ngo, Davide noGoliyathe. Kwakunesayense nezwe elidumile, ukulahla ukuphulukiswa ngokukaNkulunkulu nokulithela ngehlazo. Nawo wonke umuntu engitshela, "Mfana, uyoqhekeka phandle lapho. Bazokuphonsa ejele. Bayokwenza *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*. Kodwa uNkulunkulu womlando wayefike enkundleni

ngaphesheya, futhi wangitshela ukuba ngikwenze. Futhi ngaKwenza ngomusa waKhe nesihe saKhe. Lowo Nkulunkulu ofanayo owayengumlando, weminyaka eyishumi edlule, uvuke enkundleni futhi. Ngokuqinisekile nje njengoba Akufezekisa, Uyakukufezekisa lokhu. UnguNkulunkulu womlando, futhi UnguNkulunkulu wosuku lwamanje. Akozeli noma alale. Angeke afa, ngokuba Akabanga nasiqalo noma isiphetho.

89 Odabeni lwakho, kulobubusuku, mngane oyisoni, lowomuzwa omncane okitazayo ngasenhliziyweni yakho, okutshela ukuthi Usenguye, okutshela ukuthi Angakukhulula kuwo wonke umthwalo nabobonke ubugebengu, nazo zonke izono ozonile kuYe.

90 Ungawabekaphi amathemba akho na? Hhayi ngisho nasekhaya lakho uqobo, hhayi kumkakho, hhayi emndenini wakho, umama noma ubaba.

> Amathemba alakhelwe kwilutho
> KuneGazi likaJesu elinokulunga;
> Lapho konke okusemphefumulweni wami kuhlakazeka,
> Khona-ke Uyikho konke ithemba nokuhlala kwami.
> KuKristu, leloDwala elimiyo, simile kulo;
> Yonke eminye imihlabathi isihlabathi esibishayo.

91 Bandla, mngane, noma ngabe yini, bonke bafika ekupheleni. Kepha Uphila phakade. Futhi ngoba Uyaphila, siphila naYe.

92 Yini obungayinikezela ngayo ekushintshaniseni na? Ubunganikezela ngani na? Kungathiwani ukuba uNkulunkulu ubekubizile namhlanje ebusuku ukuba uphendule ekwaHlulelweni na? Ubungenzani ngakho na? Ubeka amathemba akho esizweni na? Liyephuka, njengawo onke amanye. Beka amathemba akho okhethweni oluthile oluzayo na? Lawo madoda, anginalutho nawo, kodwa angafayo futhi azohamba. Awukwazi ukubeka ithemba lakho kwilutho nhlobo, oluzobambelela, ngaphandle koNkulunkulu womlando Owathembisa ukuthi Uyovuka. Futhi usuku oluthile olubusisiwe . . .

93 Bangahle bakuyise ngapheseya futhi bathulule ukungcola ngaphezulu kwakho, umngcwabi, kodwa uMthathi wokwaphezulu uzofika ngolunye lwalezi zinsuku. Umngcwabi uzokwehlisa, kodwa uMthathi wokwaphezulu uzokwenyusa ngokuqinisekile nje. “Labo abafile kuKristu uNkulunkulu uzobaletha kanye naYe nxa Efika.” Ngokuba UnguNkulunkulu womlando manje, kwabaningi, kodwa Uyoba nguNkulunkulu wosuku lwamanje uma uMamukela njengoMsindisi wakho futhi uMthole ephila enhliziyweni yakho. Kuyoba neNto ethile kuwe ekutshelayo. Ungahle ungabi namadlingozi. Ungahle ungakhali.

Ungahle ungakhulumi ngezilimi. Ungahle ungagijimi. Ungahle ungamemezi. Kodwa kukhona okuzokwenzeka, ukuthi uzokwazi, ukuthi uzokwazi ukuthi kukhona okwenzekile. Ukuphila kwakho kuyovumelana ngqo nalokho, inqobo nje uma uphila. Futhi uma ihora lokugcina lifika futhi ushiya lelizwe, awuyikwesaba okubi. "Ngokuba Wena unami. Intongo yaKho nodondolo lwaKho, kuyangiduduza." Uma udokotela esekudelile, futhi wahamba, nemithambo ebandayo iyenyuka.

94 NjengoMnu. Vauder ngobunye ubusuku, owayengumeya wethu ohloniphekile lapha wedolobha, waya kokuzwa uMnu. Nixon ekhuluma, wafela ngqo enkundleni. Enhle, indoda ephilile, ngokwazi kwami konke.

95 Ngiyohamba ekhaya, ngibuyele, umkami wathi, "Billy, bewazi ukuthi u*Sbani-bani* ufile na?"

96 Ngelinye ilanga, intombazanyana yami ihlezi esikoleni phezulu lapha, nentombazanyana, ngoLwesine, futhi ngeSonto bayingcwaba. Yangenwa inyumoniya. Yaya enhliziyweni yayo noma okuthile, futhi (yona) yayibulala. Yayisifile.

97 Nomngane wami, uNkk. Williams ngapha, unkosikazi kaBuck William, ngimaze iminyaka. UZella Brakeman lapha, ulapha esakhiweni ndawondawo, ngudadewabo, ohlala khona lapha, umakhelwane, iminyaka, ngenkathi sasihlala ngaphesheya kwesitaladi. Wahamba; wayekade enokwethuka kancane, kodwa wayesehambile ngenkathi ngibuya.

98 Niyabona ukuthi kuyini na? Ngesiny'isikhathi, kungukuthi, uzohlangabezana nakho. Futhi yonke imali ongayiqongelela, bonke abangane ongabaqongelela . . . Labo balungile. Kodwa, konke lokho, makube ngokwesibili. Kholwa nguNkulunkulu womlando, ukuthi UnguNkulunkulu wosuku lwamanje, onguye nje, ubone ukuthi Uzokwenzelani.

99 Kuwe ogulayo nodingayo, udokotela ukudelile futhi angeke asakwenzela lutho. Khumbula, uNkulunkulu womlando unguNkulunkulu ofanayo nanamhlanje.

Asikhuleke umzuzwana nje manje, sisakhothamisa amakhanda ethu.

100 Uma kukhona labo phakathi lapha kulobubusuku . . . Engingabazi. Uma kukhona labo phakathi lapha, kulobubusuku, owaziyo ngensindiso yomphefumulo wakho, ukuthi uma lowo Nkulunkulu Owethembisa ukuthi Uyofika ngomzuzwana, ngokuphazima kweso, lapho ungacabangi. Uma ungenaYe, zicabange unaYe nje, khumbula, "Kunendlela ebonakala iyinhle, kepha ukuphela kwayo kuyizindlela zokufa." Uma ungenasiqiniseko ukuthi—ukuthi usindisiwe, kulobubusuku, futhi uma Ubefanele afike, ubuyohamba naYe, ubungenza okukhulu kakhulu ngokuphakamisa isandla sakho kuYe, futhi ngokwenza, uthi—uthi, "Yiba nomusa kimi, Nkulunkulu." Ngiyabonga. UNkulunkulu akubusise.

Izandla ezningi ziphakamile. Ubengaba khona omunye ngaphambi kokuba sivale na? Ubunga . . . futhi ube nomkhuleko. UNkulunkulu akubusise, ntombi. Ungabi namahloni nje manje. Impela.

101 Kusiza ngani ukushumayela uNkulunkulu womlando, uma Engesuye namhlanje na? Futhi, mfowethu, dadewethu, ngisho lokhu. Ngafunda ngoNkulunkulu womlando ngesinye isikhathi. Ngafunda ngaYe ezincwadini. Ngafunda ngaYe eBhayibhelini. Kodwa sukulumbe ngahlangana naYe. Ngahlangana naYe. Ufika kimi. Wangitshela ukuba ngingaphuzi, ngingabhemi futhi—futhi ngizingcolise, futhi Wayenokuthile ngami ukuba ngikwenze uma sengimdadlana. Ngangingumfanyana nje. Wa—Wakufazisa lokho. Wakwenza. Nasi isithombe saKhe silenga khona lapha manje, ngenkathi isayensi isithathile. Niyabo? Izwe liyakwazi. Ukufakazisile phakathi kwenu. Wazi wonke umcabango enhliziyweni yakho. Uzifakazisile qobo lwaKhe. UnguNkulunkulu ofanayo namhlanje. Akasuye uNkulunkulu womlando.

102 Ungabi nje . . . uvumele izwe likugunyathele phansi ngegciwane lomule nezinto zezwe. Mkholwe ngokuyikho . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ungasiphakamisa isandla sakho na? Abanye abebengakaziphakamisi, ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, anginasiqiniseko ngakho, kodwa ngifuna ukuqiniseka. Ngivumele . . . "

103 UNkulunkulu akubusise, nsizwa. Omunye? Futhi uNkulunkulu akubusise, emuva lapho, dadewethu. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Omunye umuntu? UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise, ngaleya, mfowethu. Kunjalo.

104 Wena uthi, "Mfowethu uBill, bekungasho utho kimi, ukuphakamisa isandla sami na?" Phakamisa isandla sakho, kanye, bese uthola. Njalo, mfowethu, dadewethu, uma wenza noma yini kahle, uzizwa kahle ngakho.

105 Yiba qotho. Manje, ungaqambi amanga kuNkulunkulu. Awuqambimanga kuNkulunkulu. Uyazi. Uqamba amanga kuwena uqobo. Uyazi, amanga ayinto embi kabi, kuze kuthi ngisho angakuyisa ezinkantolo zenhlangano yamazwe nezinkantolo zobugebengu, futhi—futhi bafake umshini wokuhlola amanga engalweni yakho, futhi ungazama ngamandla akho onke ukusho leyonto, ukwenze kuzwakale njengeqiniso, kodwa imizwa yakho izofakazisa ukuthi ukhuluma amanga. Ngani na? Awenziwanga ukuba uqambe amanga. Futhi uma umshini wokuhlola amanga wazi, kuthiwani ngoNkulunkulu na?

106 Wena uthi, "Kodwa, mfowethu, ngiyiBaptisti. NgiyiPresbyterian. NgiyiMethodisti." Lokho kulungile.

107 Ngikubuza into eyodwa. Wake wahlangana naloNkulunkulu womlando na? Uke Wema esihlahleni esivuthayo phambi kwakho, futhi uyazi na? Futhi Wakuphendula emphefumulweni wakho, futhi uyazi ukuthi izono zakho azisekho na? Uma lokho kungenjalo, ungathathi shansi ngokujoyina nje ibandla, noma wakhuphukela lapho futhi wazizwa kahle kancane ngakho. Ufanele wazi Yena. Hhayi ukuthi uzwe ngaYe, hhayi ukuba nezibusiso zaKhe, ngukuPhila. Kodwa, ukwazi Yena, kungukuPhila; ukwazi Yena, wazi Yena mathupha; *Yena*, isabizwana somuntu, wazi Yena. Hhayi ukuthi wazi iNcwadi yaKhe, hhayi ukuba isitshudeni esilungileyo, hhayi ukuba yilungu elilungileyo, noma ukuba yindoda elungileyo noma owesifazane olungileyo. Lokho akukwenzi; umthetho wenza lokho. Kodwa, ukwazi Yena! Uke wahlangana naYe na? Ngabe yilowo Nkulunkulu, owakhuluma kuMose esihlahleni esivuthayo, ofika phambi kwakho na? Uke waMuzwa ekhuluma kuwe, uze wazi ukuthi kwakunguYe na? Uma Engakaze, phakamisa isandla sakho nje, uthi, "Nkulunkulu, khuluma nami manje. Ngabe nguWe lowo uhamisha enhliziyweni yami na? Ngi—ngifuna ukwazi Wena."

108 UNkulunkulu akubusise, nenekazi elincane. UNkulunkulu akubusise, emuva lapho. Lokho kuhle. Kulungile. Omunye ongakaze. Kulungile. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselisha, lapha. Lokho kuhle. UNkulunkulu akubusise, nenekazi elincane ngalapha.

109 Manje ngokuthule ngempela, namakhanda enu ekhotheme, silihamisha kancane.

> Ngokunye ukusa okusagolide, uJesu uzoza;
> Ngokunye ukusa okusagolide, zonke izimpi sezinqotshiwe,
> Siyomemezela ukunqoba, sibhodloze sedlule isibhakabhaka,
> Ngokunye ukusa okusagolide, kimi, nawe.

110 [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha u *Ngokunye Ukusa Okusagolide*—Umhl.] Manje, wena ophakamise izandla zakho, uma uwufisa kakhulu umkhuleko wami ngawe, futhi ukholwa ukuthi uNkulunkulu uzongizwa, ufuna ukwenyukela lapha ealtare, mangime lapha futhi ngikhuleke nawe, kancane. Ialtare livuliwe. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Kulungile. UNkulunkulu anibusise, madoda. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Sukuma khona lapho bese unyuka. Uma ukholwa ukuthi uNkulunkulu uzosiza, futhi ezwe umkhuleko, ngami ukuba ngisize wena ukuba uze kuYe, ukwazi Yena, nyuka khona manje. Ungeke na?

> Ngokunye ukusa okusagolide, uJesu . . .

111 Sazi kanjani ukuthi akuyikuba sekuseni na? "Impi . . ." Leyompi oyilwayo khona manje, ungeke wavumela inqotshwe

khona manje, khona-ke na? Mayinqotshwe khona manje, ukuze ukwazi ukumemezela ukunqoba.

> Ngokunye ukusa okusagolide, kimi, nawe.
> Ngokunye ukusa okusagolide, uJesu . . .

112 Yenyukela khona la, kulungile, futhi wenyukele khona la, ngapha.

> . . . zonke izimpi zinqotshiwe,
> Siyomemezela ukunqoba, sibhodloze sedlule esibhakabhakeni,
> Ngolunye usuku olusagolide . . .

113 Ungeze manje, sisalindile na? Sizokusiza lapha, ngomkhuleko. Umkhuleko wokukholwa usenzela okuningi. Ungeze na? Ngikunxusa ukuba uze, wamukele uNkulunkulu wesikhathi samanje. Hhayi nje u—unkulunkulu, ukuthi uya ebandleni futhi uthi, "Awu, ngijoyine ibandla." Lowo nkulunkulu ngeke asebenza. Unkulunkulu weMethodisti, unkulunkulu weBaptisti, unkulunkulu wePresbyterian, unkulunkulu wePentecostal, bangeke basebenza. Thola uNkulunkulu waleliBhayibheli. Unkulunkulu wePentecostal uzophumela emhlabeni; unkulunkulu weMethodisti, noma unkulunkulu weBaptisti, noma yimuphi omunye unkulunkulu wehlelo. Kodwa uNkulunkulu waleliBhayibheli, uzokwenza ube njengoJesu. Ngempela Uyokwenza. UMoya waKhe uzohlala kuwe, futhi yonke impilo yakho izoguquka; lololaka, leyo nzondo, lowomoya ongathetheleli, leyonto ezobulala kancane umphefumulo wakho ungene ekulahlweni kwaPhakade.

114 Ngiphonsa inetha nje manje. Kukuwe. Landela ungene kuyo, ungeke na? Phuma khona manje, ngase-altare lapha. Abaningi benu baphakamise izandla zenu lapho. Abantu bazonenyusa, ngasezihlalweni zabo. INkosi ikubusise, nsizwa.

115 Manje ngenkathi edlalela phansi umculo, nakhu kumi abaningana ngase-altare. Imiphefumulo eyisikhombisa eze ngaphambili ukuba ime ngase-altare. Benazi ukuthi isikhombisa inombolo ephelele kuNkulunkulu, ukuphelela na? UMoya oNgcwele usanda kwehlela kumuntu omi lapha, manje nje. Yilokho engikubiza ngoMoya oNgcwele, mfowethu.

116 Manje Ulapha, kulowo nalowo wenu. Zithobeni nje ezinhliziyweni zenu. Kuthiwani uma lesi bekuyisikhathi sokugcina obuyoke ume ngase-altare, lona ngumkhuleko wokugcina owawuyoke uwusho, khona manje? UJesu uzofika. Angahle angqongqothe emnyango wakho ngaphambi kokusa, uyazi. Ufanele uhambe, ngolunye usuku, uma EnguNkulunkulu wakho konke. UnguNkulunkulu womlando, futhi UnguNkulunkulu wanamuhla.

117 Ukhulume kuwe. Usukume lapha phambi kwaKhe, ukuba uhlangane naYe. Uze ngaphambili ukuba uhlangane naYe. Uzohlangana nawe. Umi khona lapha manje. Nje,

enhliziyweni yakho, vuma konke okwenzile okungalungile. Yithi, "Nkulunkulu, ngihawukele, isoni. Ngenze okungalungile futhi manje ngi—ngiyavuma, ngenhliziyo yami yonke, ukuthi nginephutha. Ngifuna Wena ukuba ube nomusa kimi futhi ungithethelele izono zami. Ngi—ngizoKukhonza zonke izinsuku zami. Futhi vumela lomlilo omncane ovutha enhliziyweni yami, ukukholwa okuncane, okungenze ngenyukela lapha kuleli-altare, kulobubusuku, mawubambe phansi le ekujuleni emphefumulweni wami. Mawubambe khona lapha manje. Nokuthile kuyavutha, okungitshela nje ukuthi, 'Yebo, Uyaphila, Jesu.' Futhi ngiyaKuthanda. Futhi ngizoKubona enkundleni emahoreni ambalwa alandelayo, wenza izinto, izinto ezinkulu. Ngijabula kakhulu ukuthi ngize ngaphambili ngenkathi Ukhulume enhliziyweni yami. Ngizokubona Wenza imidlavuza ukuba ishiye abantu, phulukisa abagulayo nabadingayo. Ngibezwe bebuyela emuva, befakaza ngalokho uNkulunkulu abenzele khona; uNkulunkulu womlando, Ovukile waphuma emlandweni, futhi unguye namuhla, eza enkundleni. Ngoba, Uza ngalesisikhathi ukuba ahlale; ukuFika kwaKhe kwesibili."

Asikhuleke manje. Khuleka kanye nami, ngamunye wenu.

118 Nkulunkulu othandekayo, ngiletha phambi kwaKho manje nje, lena eyisikhombisa. Ubusuku bokuqala kuveze izinkanyezi eziyisikhombisa ezimangalisayo. Uthe, eZwini laKho eliligugu, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Futhi lowo oza kiMi, aNgiyi kumlahlela ngaphandle, kepha ngizomnika ukuPhila okuPhakade, futhi ngizomvusa ngosuku lokugcina." Nkosi, leso yisithembiso saKho. Futhi ngedlingozi, isenzo sokuphenduka, lemiphefumulo eyisikhombisa ezulazulayo ize ngaphambili kulobubusuku, ngoba ikholwa ukuthi uNkulunkulu owakhuluma kubaprofethi, uNkulunkulu owakhuluma empumputheni, Usaphila nanamhlanje. Futhi baya ngaphambili ukuhlangana naYe.

119 Lowo Nkulunkulu ofanayo owenza isithembiso, futhi wahlangana nonochoko emihlabathini yakhe uqobo, owahlangana nowesifazane onomopho osebeni lomfula, owahlangana nokufa ethuneni likaLazaru futhi wamphendula, nguNkulunkulu ofanayo kulobubusuku, Omi lapha ukuba ahlangane nalokhu kufa kokomoya futhi amphendule. Futhi athi, "Susa izandla zakho kulaba abeze ukuNgivuma phezu kokushela koMoya waMi. Ngizobanika ukuPhila okuPhakade, futhi akukho muntu ongabasusa kimi. Ngizobavusa ngosuku lokugcina."

120 SiyaKubonga ngabo, Baba. Futhi sikhulekela ukuthi bazohlale bethembekile ezandleni zaKho, baze bakhululwe ngukufa. Lapho beyakungena ezinjabulweni zeNkosi, ngalolo suku olukhulu, lapho iSidlo sakusihlwa soMshado sesidekiwe ukunqamula izibhakabhaka, ukuthi lapho iNkosi isiphuma futhi ithi, "Uyalukhumbula lolosuku lokuqala luka-Okthoba,

ngo 1958, kulelotabernakele elincane likakhonkolo na? Wenyuka futhi waNgithatha njengoMsindisi wakho. Ngakhuluma kuwe. Wawuyisoni ngaleso sikhathi, kodwa manje Ngakusindisa. Futhi manje usungowaMi, futhi unokuPhila okuPhakade. Manje ngena ezintokozweni eNginihlinzekele zona, kusukela ekusekelweni kwezwe." Siphe khona, Nkosi. BangabaKho manje. Sibanikela kuWe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Manje namakhanda enu ekhotheme, izethameli.

121 Ngizobuza ngamunye wenu lapha e-altare. Ngabe uyezwa, phansi enhliziyweni yakho manje, kusukela ezinjulweni zomphefumulo wakho, ukuthi ilangabi elincane lokukholwa elikutshele ukuba uze ngaphambili ealtare lapha, ukwenza lesi senzo osusenzile manje, emva kokuphakamisa izandla zakho nokuza ngaphambili, uyezwa ukuthi lelo langabi elincane seliqale ukuvuthela ngasekukholweni kwangempela okuphilayo enhliziyweni yakho na? Futhi manje usuyakholwa ukuthi uJesu uthethelele izono zakho, futhi uzoba ngowaKhe kusukela manje na? Uma wenza, ungasiphakamisa isandla sakho sokudla kuYe na? Labo abazungeze ialtare, phakamisa isandla sakho sokudla, uma uzwa sengathi uJesu usethethelele zonke izono zakho. Lowo oseduze . . . Manje, kunezimbili, izandla ezintathu, hhayi ezingaphakeme. Manje qhubeka nje ukhuleka, wonke umuntu.

*UkuMKhuphula Aphume EMlandweni* ZUL58-1001
(Lifting Him Up Out Of History)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesithathu kusihlwa, ngo Oktoba 1, ngo 1958, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

